

INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LWEBHULOHO KWADUKUZA MHLAKA 23 JUNI 2015.

Mphathi wohlelo;

Inkosi yesizwe namaKhosi aseNdlunkulu wonke akhona;

IMeya yesiFunda iLembe, uKhansela uMdabe;

IMeya yaKwaDukuza, uKhansela uMthembu;

Amakhansela;

Abamele imiNyango ehlukene;

Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;

Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Namhlanje wusuku lokuthi sizobongela umphakathi walapha eMdlebeni naKwaDukuza jikelele sithi halala ngentuthuko yemigwaqo eqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe.

Kodwa futhi usuku lokuthi sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana noHulumeni ukuba kulethwe izinhlelo zentuthuko endaweni yenu.

Phela ukubambisana kwethu nani yikona okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona. Akusadingi silokhu sigcizelela manje ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi. Sonke siyakuqonda ukuthi umgwaqo nebhuloho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako.

Lokhu kubonakala nangokuthi emiphakathini lapho sekulethwe khona le ngqalasizinda, abantu babonga bangaphezi ngokuthi ngempela uHulumeni oholwa nguKhongolose wenza okusemandleni ukuphendula ezidingweni zabantu.

Sesibonile kule minyaka edlule ukuthi abantu bakithi sebeyakwazi ukuya emisebenzini, ezikoleni, ezitolo emadolobheni, emitholampilo, ukuyongcwaba emathuneni noma bavakashele izihlobo nabangani, konke ngenxa yemigwaqo namabhriji osekwaخيwe ezindaweni ezahlukene.

Njengoba silapha-ke namhlanje sisaqhubeka phezu kwebesikwenza emasontweni amabili edlule lapho besilethe uhlelo lokwakhiwa kwamabhuloho amabili iMvumase neMabhobhane laphaya KwaMaphumulo.

Okusho ukuthi sisaqinisa kona ukuthi umfula uThukela sibhekene nawo ngqo kule ngxenye engapha. Siyayiqonda nenselelo ebhekene nomphakathi wangapha eMdlebeni nangaphesheya eMankenganeni

njengoba, ikakhulukazi abafundi kudingeka basebenzise isikebhe esingasekho nasesimweni esikahle ukuze bafinyelele ezikoleni.

Sizwile nokuthi abanye abafundi sebake balahlekelwa izimpilo zabo ngenxa yalo mfula. Yizona zonke lezi zinto esithi kumele zingaphindi zenzeke emiphakathini yakithi.

Siyabonga nokuthi nikwazi ukubekezela njengomphakathi noma kunzima, nabafundi bangadikibali bagcine ngokushiya phansi isikole.

Ngakho-ke namhlanje sethula uhlelo lokwakhiwa kwebhriji iNyakana elizoxhumanisa imiphakathi yaseMdlebeni naseMankenganeni.

Ngaleli bhriji sithi imiphakathi kumele ifinyelele kalula ezindaweni zosizo, okuhlanganisa nezikole iNyakana Combined School, iTshelabantu Combined School neBanguni High School ezisendaweni yaseMdlebeni kodwa okufunda kuzona nezingane zaseMankenganeni ezibalelwa ku-275 nokudinga ziwele umfula.

Imali esiyifake kulo msebenzi ingu-R78.8 million.

Ngenxa yobukhulu bomsebenzi ozokwenziwa lapha, sibheke ukuthi kuthathe iminyaka emibili ukwakhiwa kwalo leli bhuloho.

Lokhu kuzohambisana nokudaleka kwamathuba emisebenzi nokuthuthukiswa kwamakhono kubantu bendawo.

Njengoba sihlale sigcizelela nakwezinye izindawo esihamba kuzona, nalapha kumele sisho kuthi amathuba esikhuluma ngawo akuwona awomtakabani kuphela, kodwa awabantu bonke abafanele ukuwathola ngaleso sikhathi.

Nawo-ke lawo mathuba siyazi ukuthi kuba ngawesikhashana ngoba asuke eqondene naleyo project, kodwa siyaye sijabule ngoba ayabalekelela abantu bakithi ukuba bacijeke ngamakhono abazowasebenzisa uma sebefuna imisebenzi kwezinye izindawo.

Njengoba besigcizelela nasemcimbini waKwaMaphumulo, sithi kumele abantu bakithi baphume kulolu sizi olwadalwa wukuthi ababusi bangesikhathi sobandlululo abazange bazinake izindawo zasemakhaya, abantu bahlala isikhathi eside benganakiwe.

Sithi nakuba kusekuningi okusadinga ukwenziwa, kodwa kuningi futhi esesikwenzile kule minyaka kaHulumeni wentando yabantu.

Kulo nyaka nje sihlele ukwakha amabhriji angu-14 abahamba ngezinyawo bese sakha ayisikhombisa ezimoto isifundazwe sonke.

Imali engu-R6.8 billion esiyethule esiShayamthetho kulo nyaka yokwakha imigwaqo namabhriji, iningi layo liya ezindaweni zasemakhaya.

Ngalokhu sifakazeala ukuthi uHulumeni kaKhongolose oholwa nguMengameli uJacob Gendleyihlekisa Zuma, awuzange wenze iphutha ngokuthi sibeke phambili ukuthuthukisa izindawo zasemakhaya.

Bheka nje ngoba kulesi funda seLembe sinazo futhi ezinye izinhlelo ezinkulu esizenzayo phakathi kwazo okukhona:

- u-P711 eMthandeni kuya edolobheni KwaMaphumulo esifake u-R328 million;
- u-P104 eGlendale esifake u-R200 million;
- u-P712 eMthandeni kuya eWhite Hill esifake u-R207 million;
- u-D883 eNdulinde esifake khona u-R208;
- u-P714 eSibudu kuya eKingsciffe ngaphansi kweNdwedwe esifake u-R410 million;
- u-P415 eMandeni ozodla u-R65 million;
- u-P100 khona futhi eNdwedwe esifake u-R448 million;
- u-D865 eNewmark eNdwedwe esifake u-R74 million;
- no-D1514 KwaNodonsula khona eNdwedwe ozodla u-R133 million.
- Amabhuloho iMabhobhane neMvumase KwaMaphumulo azodla u-R106 million.

Kule minyaka embalwa edlule siphuthole ukwakha amabhriji:

- eMdloti ngo-R6.3 million;
- iNkolovuzane ngo-R14 million;
- iNdowengu Isiminya ngo-R14 million;
- Nomgwaqo u-P15-1 KwaNtunjambili ngo-R148 million.

Uma sibheka ngokwesifunda sonke ibalelwa ku-R1 billion imali esiyibekele imisebenzi emikhulu kule minyaka yezimali emithathu ezayo.

Kule mali kukhona nebhekele imigwaqo engenela ezakhiweni zemiphakathi, ama-access road, nebhekelelwa ngaphansi kohlelo lukaZibambele ukuba ihlale isesimweni.

Ngiyafisa-ke ukuba ngithathe leli thuba ngigqugquzele ukuthi njengoba sibheke esikhathini sokuqala imikhankaso yokhetho lohulumeni basekhaya, sengathi ningaziphatha kahle futhi kungabi bikho ohlukumeza omunye ngenxa yokuthi ukhethe enye inhlango.

Uma umuntu ekhethe ukushiya inhlangotho yakho wakhetha le ephethe uHulumeni ngoba ebona imisebenzi yayo, akumele lowo muntu ajeziswe, kanjalo nabamanye amaqembu kumele bahlonishwe.

Sicela ningasiphoxi, singezwa sekuthiwa kukhona abaphazamise umbuthano wenye inhlangotho noma sekukhona abavinjiwe bethi babamba imihlangotho yabo.

Sengathi ningaziphatha kahle, sonke sisebenze ngokubambisana ukukhuculula bonke ububi obukhungephe imiphakathi yakithi.

Konke kulele emahlombe enu – uma niziphethe kahle futhi niphila ngokuthula intuthuko izolokhu ingenile njalo nibone izimpilo zenu ziba ngcono.

Ngiyabonga